# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***54/2013 Intshumayelo ngesonto elilandulela elilandulelayo elokugcina emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla 10. 11. 2013***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 303/230

2. **Umkhuleko:**Nkosi Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siphambi kwakho nanamuhla ukuzwa izwi lakho, akuthi-ke sisezakulizwa izwi lakho, usiphe uMoya wakho oNgcwele, ukuba athulise ukukhala, nokukhonona, nokudabuka kwethu ngokulinyazwa ngabahluleli nezikhulu ezasahlulelela ngokusicindezela kabi, mawuthulise ukukhala kwethu ngokusisiza ukuba singadangali, kodwa sikwethembe ngokukhumbula njalo ukuthi uyakubezwela abakhethiweyo bakho abakhala kuwe imini nobusuku, ubabekezele, mawusisize ukuba sikhuleke njalo, sibambelele nasekukholweni, ukuze kuthi uma iNdodana yakho ibuya ngosuku lokugcina isifumane siyilindele, singene nayo ekuphileni okuphakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabeseRoma 14:7-9;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 17:20-30.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 219/170

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuLuka 18:1-8, lithi: UJesu "wabalandisa umfanekiso wokuthi bamelwe ukukhuleka njalo, bangadangali. Wathi: Kwakukhona emzini othile umahluleli othile owayengamesabi uNkulunkulu, enganaki-muntu. Kulowomuzi kwakukhona futhi umfelokazi owayelokhu efika kuye, ethi: Ngizwele esitheni sami. Kwaba-yisikhathi engavumi; kepha ngasemuva wathi phakathi kwakhe: Nakuba ngingamesabi uNkulunkulu, nginganaki-muntu, nokho-ke ngokuba lomfelokazi engikhathaza njalo, ngiyakumzwela, funa angizuke ngokufika njalonjalo. Yayisithi iNkosi: Yizwani okushiwo ngumahluleli ongalungile. UNkulunkulu kayikubezwela yini abakhethiweyo bakhe abakhala kuye imini nobusuku, ababekezelele, na? Ngithi kini: Uzakubezwela masinyane. Nokho nxa ifika iNdodana yomuntu, imbala iyakufumana ukukholwa emhlabeni na?" Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, bafelokazi baningi kangakanani abahluphekile njengaloya mfelokazi iNkosi ikhuluma ngaye emfanekisweni wezwi lentshumayelo yanamuhla! Abampofu baningi kangakanani abakhala ngenxa yamakhosi abonelayo, nokwala ukubasiza besekokuhluphekeni! Futhi baningi kangakanani abazenza abahluledi ngokukhomba ngomunye, nokwahlulela labo ababebenzela okubi, belahla abahluleli abanqaba ukuzwela abacindezelwayo njengaloyamahluleli owalibala kangaka ukuzwela umfelokazi emfanekisweni wezwi lentshumayelo yanamuhla.

Kulomfanekiso siyezwani na? INkosi ithini ngaloyamahluleli "owayengamesabi uNkulunkulu, enganaki-muntu?" INkosi ayilibali emlandweni womfanekiso wezwi lentshumayelo yanamuhla ngokuphawula ukuthi lomahluleli omubi ongalungile uyakwahlulelwa ekugcinani ekwahluleleni kokugcina. Ngomfanekiso lowo iNkosi ewuxoxela abafundi bakhe iNkosi iyathanda ukusitshela okunye. Ake siqaphele esikutshelwayo ngomfanekiso womahluleli ongalungile. Yikho:

1. INkosi ithi: Umuntu umelwe ukukhuleka njalo, engadangali.
2. Ithi: UNkulunkulu uyakubezwela abacindezelweyo ngesikhathi sakhe.
3. Ithi: Siqinisele ekukholweni kuze kube sekugcineni.

1. INkosi iyafundisa ngesibonelo somfelokazi loya ukuba sikhuleke njalo, singadangali. Loyamfelokazi waphinda ukuya kulomahluleli owayenqaba ukumzwela. Asitshelwa ukuthi waya kuye ngayiphi indaba, noma ngayiphi inhlupheko. Singacabanga ngezibonelo eziningi ngokuthi abafelokazi ezimindenini yethu bahlushwa kanjani ngabomndeni wendoda yakhe eyashona, noma ngabaningi abadabukiswa kabi yizikhulu ezingabezweli ekuhluphekeni kwabo. Njengoba loyamfelokazi engadinwanga, wabekezela nje, waphinda ukucela umahluleli loya ukuba amuzwele, wamnqoba empeleni ukuba amsize ekuhluphekeni kwakhe. Asezwa ukuthi waya ukufuna usizo ngendlela engahambelani nemiyalelo kaNkulunkulu, njengalokhu kwenzeka kaningi, uma abacindelwayo bezama ukuzivikela ngakho okulahlwa nguNkulunkulu. INkosi iyaseluleka kuphela ukuba siqhubeke kuphela ngokukhuleka, singadangali. Okusho ukuthi siqhubeke ukukhuleka, singazami ukuziphindisela kubo abasonele, kodwa singakasondeli phambi kobuso beNkosi, sithethelele osonele, nokusenzela okubi. Sizophumelela ukukwenza kanjalo ngokuqinisela ekukholweni esikufundiswa ngokwesibili kwezwi lentshumayelo yanamuhla, okuthi:

2. UNkulunkulu uyakubezwela abacindezelweyo ngesikhathi sakhe. Izwi lentshumayelo yanamuhla lithi: "UNkulunkulu kayikubezwela yini abakhethiweyo bakhe abakhala kuye imini nobusuku, ababekezelele, na? Ngithi kini: Uzakubezwela masinyane." Ake simethembe uNkulunkulu, singangabazi, singazami ukumcindezela ngemikhuleko yethu ukujezisa ababesonele. Futhi singazami ukuzilungisela inkululeko ekuhlushweni kwethu ngokuphambana nentando kaNkulunkulu. UNkulunkulu akafuni ukuba siziphindisele, kodwa uyathanda ukuba sibekezele, silindele usizo lwakhe, sithembe njalo isithembiso sakhe sokuthi uyakusiza, nokusikhulula ekuhluphekeni kwethu ngesikhathi sakhe ngosizo nenkululeko yeqiniso, noma sicabanga emoyeni ukuthi uyalibala kabi ngosizo lwakhe. Uyasinqumela ngokulunga kwakhe lapho samukela isithembiso sakhe sokuthi uyasibalela ukulunga kukaKristu Jesu esikulungiselwe nguye ngokufa nangokuvuka kwakhe.

3. Ngesinyathelo sokugcina sezwi lentshumayelo yanamuhla uJesu uyabuza, uthi: "Nxa ifika iNdodana yomuntu, imbala iyakufumana ukukholwa emhlabeni na?" Ngalombuzo iNkosi uJesu iyathanda ukusivuselela sonke ukuba singadinwa ekukholweni, noma endleleni yokumlandela, noma ekukholweni, kodwa sibekezele, siqinisele ekukholweni kuze kube sekugcineni. Kwenye indawo uyakhuluma ngezinsizi nezinhlupheko zesikhathi sokugcina, uthi: "Uma lezozinsuku zingafinyezwanga, bekungesindiswe-muntu; kepha ngenxa yabakhethiweyo lezozinsuku ziyakufinyezwa," Math. 24:22. Usitshelile. Ake siqaphele, singadlali ngakho, kodwa siqhubeke ukukhuleka, kakhulu ngokucela ukuthi iNkosi ingadinwa ukuseluleka ngezwi lakhe ukusiqinisa ekukholweni ngokusimema njalo ukusondela esibikweni nasesidlweni somzimba negazi layo ukuqiniselwa ekukholweni, nokuthethelelwa izono zethu njalo ngenxa yokufa nokuvuka kwayo, ngentethelelo sivuselelwe ukuthethelelana nabo abasonele, nokubenzela nabo okuhle. INkosi enhle kangaka! Ayithuli, iyasambulela esikwenzelwe yiyo, nakho ekufunayo kithi ngezwi lentshumayelo yanamuhla ukuba sikhuleke njalo, singadangali, futhi siqinisele njalo ekukholweni. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu Baba osezulwini, sibonga izwi osiphile lona namuhla, Nguwe osifundisile ukuba sikhuleke, sicele kuwe, noma sihlushwa kabi ngabantu, usithembisa ukuthi uyayizwa imikhuleko yethu ngenxa kaJesu Kristu. - Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba usiluleke namuhla ngezwi lakho ukuba singadangai, singadinwa ekukholweni, kodwa sikhuleke njalo, sibambelele, siqinisele ekukholweni kuze kube sekugcineni. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 194/192

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-.E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.